# *Izifo NeziNhlupheko*

Ngifuna ukuchaza okuthize, ezinye izinto ezibalulekile enifanele nizazi. Iphimbo lami alilikhulu kangako, ngakho ngizofanele mhlampe ngize *ngapha*. Uma iNkosi ivuma, ngeSonto ntambama, ngifuna ukukhuluma kini ngentshumayelo yeVangeli lokuvangela, yangeSonto ntambama. Futhi sibheke izinto ezithize ezinkulu, ukuba iNkosi isenzele zona kuleliviki.

2 Into eyodwa iphathelene. . .abaningi lapha kuzobanzima ukuba baqonde nje ukuthi lamakhadi omkhuleko a—anikezelwa kanjani kwabagulayo nabahluphekile. Eminyakeni emithathu yokuzama, lolu yilona hlelo kuphela eselokhu ngaluthola olwalubukeka sengathi impela lwalubusiswe nguNkulunkulu.

3 Kuqala sasivele singene nje singabi nakhadi nhlobo, futhi nje sidedele abantu bashaye umugqa. Kwakuba yisiminyaminya esinjalo nje, futhi. Bese-ke ngikhulekela mhlawumbe ishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili ngesikhathi esisodwa; izixuku zazingithelekela, futhi zazingidonsa zingikhiphe.

4 Bese kuthi-ke okulandelayo, ngiqale, sasithumela amakhadi omkhuleko kusengaphambili kubefundisi. Futhi umfundisi ngamunye exhasa, mhlawumbe kube amashumi amahlanu noma ngaphezulu amabandla kuyo yonke indawo axhase umhlangano, futhi umfundisi ngamunye abe namakhadi okungenani ayikhulu. Wonke umfundisi wayefuna ibandla lakhe kuqala. Wayewanika ibandla lakhe futhi mhlawumbe bonke ubusuku obune noma obuhlanu, ibandla lomfundisi oyedwa nje lingene, onke amanye aphatheke kabi kakhulu ngakho.

5 Sase-ke sicabanga ngokuthi sibe nabantu bendawo, abantu bendawo nje emphakathini; futhi ngezinye izikhathi abantu bawahambele amamayela ayizinkulungwane eziyisikhombisa, eziyisishiyagalombili beya emihlanganweni. Lokho kwakungekuhle.

6 Nendlela kuphela esathola ngayo esasingaba yiyo, ngempela sidedele iNkosi yenze indlela, ngukufika bese sithatha amakhadi omkhuleko, cishe amashumi amahlanu awo, futhi nje siwanikeze amaqembu abantu, futhi akukho-muntu owaziyo nje ukuthi ubani ozoba phakathi.

7 Ngike ngabona isikhathi enginikezela ngaso amakhadi angamashumi amahlanu futhi kungabibikho nelilodwa lawo elibizwayo. Ngiqale emhlanganweni, noMoya weNkosi ungiholele ngqo phakathi kwabantu, kanjalo, ngingawasebenzisi neze ngisho amakhadi omkhuleko.

8 Ngike ngabona isikhathi ngihlale emsamo, bese nje ngiqala ukukhuluma, futhi ngivele nje ngithatheke ngakho konke ihora

noma ngaphezulu, isikhathi, ngisabiza owokuqala, bese ke kuba ngomunye kanjalo. Ngiyaye . . . Wonke umuntu aphiliswe.

9 Abantu abaningi babuthanele u—umugqa ngaleyonkathi. Ngenza lokhu ukuphawula, yiqiniso, bekukuhle omhlanu unyaka . . . sekuyiminyaka emithathu manje. Ngiyaxolisa. Wonke umuntu oza emsamo uyaphiliswa. Akukaze kubekhona lutho, akunandaba ukuthi kwakusonteke kabi kanjani, bekhubazekile, noma behluphekile, kuphiliswa njalo. Kuke kwabakhona izifo ezimbi kakhulu. Kodwa ngi . . . Mhlawumbe, ngesikhathi esiwubusuku obubodwa, ngikwazi nje mhlawumbe ukuthola abathathu noma abane noma abahlanu. Mhlawumbe ngesinye isikhathi . . .

10 Ngike ngabona kanye eCalgary, eCanada, babenababili kuphela, lapho okwakukade kubuthene abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu. Ababili.

11 Omunye kwakungumfana owayesehlupheke iminyaka eyishumi nesishiyagalombili, izandla zakhe zazidonsekele phansi kwakhe. Wayesesihlaweni esinamasondo. Unina wayekade ebambise ngendandatho yakhe yomshado, ukumgcina. Wayekade esebe semihlanganweni eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili; engakwazi nhlobo ukuba athole ikhadi. Ekugcineni isikhathi safika sakhe ukuba abe semsamo. Umfana wahamba esuka emsamo. Ngokusa okulandelayo, wayesezishefela okokuqala empilweni yakhe. Wahlangana nami phandle lapho emmangweni ngenkathi indiza yehla eVancouver, ukuba azongixhawula.

12 Intombazanyana yaba ngelandelayo. Intombazanyana, eyiKatolika ngokukholwa, umlenze owodwa wawumfishane ngamayintshi amane kunomunye. Saba cishe nehora nento sinaleyontombazanyana. NeBhayibheli elifanayo . . . Ngenkathi beyiletha lapho, yayehla iye le phansi eceleni. Ngabeka leliBhayibheli phezu kwekhanda layo, yahamba ngokwejwayelekile nje njenganoma yimuphi umntwana, iya emuva naphambili emsamo, ngenkathi abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu behlezi, bebukela. Kodwa, lezozinto, siyasho nje.

13 Angazi noyedwa phakathi lapha onekhadi lomkhuleko, noma ubani ozoba ngowokuqala. Sinikezela lawomakhadi omkhuleko bese siyangena-ke.

14 Ngizozama futhi ngininike umqondo. Umfowethu uthi, "Nginikezele amakhadi angamashumi amahlanu."

15 Ngingena endlini, ngingahle ngihlangane nomntwana omncane. Ngithi, "Uyakwazi ukubala na?"

Athi, "Yebo, mnumzane."

Ngithi, "Qala ubale."

16 Mhlawumbe abale kuze kuyofika eshumini, ishumi nanhlanu noma amashumi amabili, bese eyama; noma yikuphi lapho ama khona. Bese ngiqala umugqa womkhuleko. Uma eme emashumini amabili, ngimise umugqa womkhuleko emashumini amabili, futhi mhlawumbe ngiqhubekele phambili noma ngihlehlele emuva.

17 Mhlawumbe ubusuku obulandelayo ngibale abantu abaningi kakhulu emgqeni bese ngiwehlukanisa ube mbili, bese ngibona ukuthi yiyiphi inombolo, noma yinto efana naleyo.

18 Akukho-muntu owaziyo namanje, kulobubusuku, ukuthi umugqa womkhuleko uzoqalaphi; nje noma yikuphi la ubonakala ufanele khona. Ngezinye izikhathi uwela ngqo phakathi kwabakhubazekile. Ngezinye izikhathi uwela phakathi kwabagulayo. Angazi. Akekho owaziyo. Sinikezela ikhadi nje bese-ke sidedela iNkosi ihole kukho konke okunye, futhi kusebenze ngempumelelo njalo ngaleyondlela. Yibani semkhulekweni.

19 Ngikholwa ukuthi lokhu kusha konke kini bantu lapha. Kuyo yonke imihlangano esengike ngaba kuyo, lona ngumhlangano wobusuku besibili omncane kunayo yonke esengake ngaba nayo kunoma yimuphi umhlangano selokhu ngibe sensimini. Ngokwejwayelekile, ebusukwini besibili, noma yiliphi ihholo elikhulu, noma kade kumenyezelwe noma ngayiphi indlela, ngokwejwayelekile liba neziyisikhombisa, eziyisishiyagalombili, izinkulungwane eziyishumi, ngobusuku besibili. Kusobala, kwaziswe ngokwabantu bendawo nje. Okwenza isixuku, ngoba kwaziswa ngokwamazwe ngamazwe, futhi nekhulu elining kakhulu elivela esifundazweni esisodwa, nezinye izifundazwe, ukwenza iqembu.

20 Umhlangano wami olandelayo emva kwalapha uzoba seHouston, endlini enkulu yezemidlalo. Ngicabanga ukuthi ihlalisa izinkulungwane eziyishumi nesikhombisa, ngiyacabanga. Usuvele usukhona cishe emaphepheni amane noma amahlanu amazwe ngamazwe. Bavela lapho-ke abantu, phesheya kwezilwandle nakho konke, ndawo zonke.

21 Ngifisa ukufunda kancanyana nje okweZwi kulobubusuku, ngokuba iZwi likaNkulunkulu alehluleki neze. Amazwi ami ayohluleka; iZwi laKhe angeke. Litholakala emaHubweni 103, ivesi 1, 2, nelesi 3.

> *Mbonge oyiNkosi, O mphefumulo wami: konke okuphakathi kwami, makubonge igama lakhe elingcwele.*
>
> *Mbonge oyiNkosi, O mphefumulo wami, ungakhohlwa imisibenzi yonke yakhe yomusa:*
>
> *Yena othethelela zonke izono zakho; owelapha zonke izifo zakho*;

22 UNkulunkulu makanezele izibusiso zaKhe eZwini laKhe! Konke okwalokhu, ukukhuluma nge *Zifo NeziNhlupheko*, ngifisa okwemizuzwana embalwa nje ukwenza ezinye izinkulumombiko mayelana nakho. Futhi ngifuna nilalele futhi nikunakisise.

23 Izifo nezinhlupheko zonke ziyimiphumela yesono, mhlawumbe hhayi empilweni yakho, kodwa empilweni yomunye umuntu ngaphambi kwakho. UDeveli ungumqambi wokugula nezinhlupheko. Ngaphambi kokuba sibe nanoma yimuphi uDeveli, sasingenakugula nazinhlupheko. Kodwa, ngenkathi kufika uSathane, weza nokugula nezinhlupheko.

24 Ziningi kakhulu izikhathi esibhekisela kuzo njengezibusiso. Angikaze ngicabange ukuthi uNkulunkulu wayengathola isibusiso kumuntu ogulayo; ngaphandle uma kwakuyisoni, kumqhubela kuNkulunkulu; noma umntwana ongalaleli, embuyisa ukuba abuyiselwe kuYise. Kodwa ukugula kuyimiphumela kaDeveli nokuwa. Kukhona . . .

25 Namhlanje, sinodokotela ababedlula bonke esake saba nabo. Sinesayense yezokwelapha edlula yonke, izibhedlela ezedlula zonke esake saba nazo; nokuningi kakhulu ukugula kwesake saba nakho. Futhi ngosuku lapho esinesayense yezokwelapha edlula yonke esake saba nayo, balokhu beqhubeke njalo nokwakha izikhungo zabangelapheki. Khona impela lapho sinomsebenzi wesayense odlula wonke ezinhluphekweni nasekuguleni esake saba nakho; sakha izikhungo, njalo ngonyaka, sabangelapheki.

26 Kodwa akukaze kubekhona lutho olwafika ngaphambi kukaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, kodwa ukuthi Wayengaphezu kokuqhathaniseka ngakho. Futhi Nguyena nje namhlanje njengoba Ubenjalo izolo, futhi uyoba nguye naphakade. Futhi Wakufakazisa lokho. Futhi nizokubona, ubusuku nobusuku. Futhi uma kungenjalo, khona-ke unelungelo lokuba ungabaze.

Omunye wathi, "Ngabe ukuphilisa kuhlala isikhathi eside na?"

27 Kuhlala isikhathi eside ngangokuhlala isikhathi eside kokukholwa. Kodwa uma kwehluleka ukukholwa, khona-ke ukuphiliswa kwakho kuyohluleka. Ubungathi wonke umuntu ofike ealtare futhi waphenduka uyoba ngumKristu zonke izinsuku zabo na? Ubengaba kulobubusuku ngumntwana kaNkulunkulu, futhi kusasa abe ngumntwana kaDeveli. Kungenkathi elahlekelwa ukukholwa kuNkulunkulu, okumbuyisela emuva.

28 Futhi noma yimaphi amandla angakuphilisa lapha emsamo angakugcina uphilile. Yingalesosizathu ngenze lenkulumombiko, ukuthi, akukho okuza lapha ngaphandle

kwalokho okukhululwe lapha. Ngaphandle kwalapha, kuya ngokukholwa kwakho noma kuyahlala na.

29 Ngibabonile abantu beza emsamo, bephuphutheke ngokuphelele, futhi bafunda leliBhayibheli elifanayo. Ngaphansi kwezinsuku ezinhlanu, babuye babuye futhi bephuphutheke nje njengoba babelokhu benjalo. Bafundelani lapha na? Amandla kaDeveli asiqonda lesosiphiwo sikaNkulunkulu futhi wadingeka ukuba asuke. Manje lokho kuyi aw-. . .lokho yi. . .Ngiyazi ukuthi leyo yinkulumombiko ngempela ukuyenza, kodwa ngiyazi lapho engimi khona. Futhi ngiyamazi engiMkholiwe, futhi ngiyawazi amandla aKhe okuphilisa.

30 Omunye wathi, esikhathini esingeside esedlule ngenkathi ngisePhoenix. Imigqa yomkhuleko yayehle yayoshaya ezansi emgwaqeni; abakwazanga ngisho ukungena ehholo elikhulu. Ngihamba emgqeni, omunye wathi, "A—awesabi yini, Mfowethu Branham, ukuma lapho phambi kwazo zonke lezozinto futhi uqonda ukuthi abagxeki bemi lapho nezintatheli zamaphephandaba, njalonjalo, ukuba bagxeke na?"

31 Ngathi, "Angesabi inqobo nje uma ngizwa ukuthi Useduze. Kodwa uma ngingaMuzwa, ngingasuka emsamo futhi ngiye ekhaya."

Akekho umuntu ongenza lutho. Konke kufanele kuvele kuNkulunkulu.

32 Isibonelo nje, sizothatha i. . .ukukhuluma imizuzwana embalwa ngomdlavuza. Ubonakala ungesinye sezitha ezinkulu namhlanje. Yini umdlavuza na? Wavelaphi na? Isigaxa, umthuqu, isilonda, inyumoniya, isifo sofuba, onke lawomagama angamagama ezokwelapha isayense yezokwelapha eyawanika zona. IBhayibheli liwamemezela ukuthi angodeveli. Isibonelo nje, umdlavuza, yini umdlavuza na? Ngokwejwayelekile uvela ekulimaleni.

33 Zonke izinto zemvelo zomhlaba zifanekisa ezokomoya. Yonke into kokwemvelo ifanekisa okokomoya. Niyakwazi lokho, iningi lenu.

34 Isibonelo nje, njengokuthi uma ingane izalwa, futhi uma umntwana ezalwa nguNkulunkulu. Uma ingane, uma umntwana ezalwa eMbusweni kaNkulunkulu. . .IBhayibheli lathi, "Bathathu abafakazayo ezulwini, uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele." [Omunye kade ememeza, izikhathi eziningana—Umhl.]

35 Manje, ngomunye ogulayo noma okuthize, ngakho nginakeni nje. Uma nizigeja lezizinto, mhlawumbe nizogeja ukuphiliswa kwenu, ngakho konke.

36 "Bathathu abafakazayo ezulwini." Manje, uma si. . . Ukuphenduka kwethu. Umsuka wavela emzimbeni kaJesu

ngenkathi Efa; kwakukhona amanzi, iGazi, noMoya, nalezizinto ezintathu zenza ukuZalwa okusha. Ngabe kunjalo, befundisi na? Lemisuka emithathu yenza ukuZalwa okusha; amanzi, iGazi, noMoya.

37 Lokho kwenza ukuzalwa kwemvelo, uma ingane izalwa. Yini into yokuqala na? Amanzi, igazi, ukuphila. Zonke izinto zokwemvelo zifanekisa ezokomoya.

38 Nomdlavuza, kokwemvelo . . . Kokomoya, ungudeveli. Ufanekisa umthuthambi noklebe; udla izinto ezifile.

39 Umdlavuza uvela ekulimaleni. Isibonelo nje, isandla sami, a—a—asinamdlavuza kuso. Futhi singahle sibe nawo, ngesinye isikhathi. Awu, yini ebanga umdlavuza na? Yi . . . Elinye ingqamuzana, imbewana emzimbeni wami, ihlubuke, ithole ukulimala, noma into ethize ihlale phakathi. Futhi kusukela kuleyombewana, noma ingqamuzana, liqala ukwanda kwamangqamuzana, landa, futhi libumba umdlavuza bese uqala ukudla emzimbeni.

40 Manje, konke ukuphila, nakho konke nokuncu kokuphila okukhona ku, kwavela . . . kuvela embewaneni. Wena qobo lwakho uvela embewaneni yokuphila. Wavela, ngesinye isikhathi, wawuyimbewana encanyana nje, incane ngangokuthi zazingeke zibonwe ngeso lemvelo. Wavela kuyihlo. Awulutho, akukho lutho legazi likanyoko nhlobo. Ingqamuzana legazi livela ebulilini bowesilisa. Bese kuthi-ke kuleyombewana, kuba ngamangqamuzana andayo. Futhi yonke into ngenhlobo yayo; imbewana evela enjeni iyozala inja, evela enyonini inyoni, umuntu umuntu. Uma kungekho lutho oluphazamisa lokho, uhlelo lukaNkulunkulu, kungekho lutho oluluphazamisayo, iyozala ophelele, umntwana ojwayelekile. Futhi iyokhula ibe ngophelele, umuntu omdala ojwayelekile, uma kungekho lutho oluyiphazamisayo. Kodwa uma okuthize kuyiphazamisa, khona-ke kubophezelekile ukuba kube ngububi obuphazamisa uhlelo lukaNkulunkulu.

41 UNkulunkulu wayengathandi ukuba ugule. UNkulunkulu wakwenza ube njengaYe. Ufuna uphile. Wenze konke Angakwenza ukukugcina uphilile.

42 NoSathane umelene nawe. Ngakho-ke, lomdlavuza u—uqala, noma lesisigaxa, noma ngabe yini, ukusukela embewaneni uqala ukwanda, njengesigaxa siqala ukwanda njengesimila, njalonjalo. Ngumzimba njengawe nje ungowomzimba. Unomoya njengoba nje nawe ungumoya, kuphela ukuthi awunamphefumulo. Kodwa unokuphila njengoba nawe unokuphila. Futhi ngakho-ke, manje-ke, kuwe, enyameni yakho, kukhona izimpilo ezimbili. Eyodwa nguwe nenye ngesinye isidalwa, amangqamuzana andayo, ekhula emzimbeni, njengoba nje wena wakhulela emzimbeni. Ngabe kunjalo na?

43 Awu, manje-ke, yini eyenza lokho na? UDeveli. I—imbewana ingukuphila. Kuqala, imbewana iyingqamuzana elincanyanyana enokuphila kuyo. Nalokho kuphila kuphela kungavela emaswini amabili, kuphakathi kokuthi kuvela kuNkulunkulu noma kuDeveli. Nawe wavela embewaneni yokuphila, ngoNkulunkulu. Umdlavuza, isigaxa, noma kanjalonjalo, kuvela embewaneni yokuphila ngoDeveli. Futhi uzama ukubhubhisa impilo yakho. Udla uqede umgudu wegazi lakho ne—nezindlela ezehlukene usebenza phezu kwakho. Ngakho-ke, ngiyazi ukuthi ingodeveli. UJesu Kristu wayibiza ngodeveli. Futhi Akushoyo kuyiQiniso. InguDeveli. UDeveli ungumhluphi. Ulapha ukuba adwengule umzimba wakho, ukukudla akuqede, ukuba akubhubhise, afishanise "iminyaka yakho engamashumi ayisikhombisa," uma engaphumelela.

44 Yingakho ukuthi ngenkathi leNgelosi kaNkulunkulu yehlela lapho engikhona. . . Angazi lutho nganoma yimuphi wenu. Kodwa yingalesosizathu Ikutshela uhlobo lwesifo onalo emzimbeni wakho, ngoba lokho kuphila kuthobela ukuPhila uNkulunkulu akwehlisile ukuba kwahluleleke. Bese-ke kuba yizinto ozenzile empilweni yakho. Kwenziwa amandla kaNkulunkulu, khona-ke sengingakutshela ukuthi ngabe usekhona noma awusekho. Futhi ungawubona ngemiphumela yomzimba ukhonjiswa. Ungasibona isiguli, uma umzimba waso uqonda futhi ube ngojwayelekile, amehlo aso evuleka, noma izindlebe zaso zivuleka.

45 Manje kuyini na? Wena uthi umuntu, njengomfanyana lapha, noma ngikholwa ukuthi abanye benu wayengale etabernakele ebusukwini obumbalwa obedlule ukuzobona. Nasi isithombe lapha salapho i*Chicago Tribune*, yanikeza khona, kwemizuzu eyisishiyagalolunye, abamthumela phandle lapho, owayevela esikhungweni, ezalwe eyisithulu nesimungulu, omunye wabo eyisithulu, isimungulu nempumputhe. Manje mhlampe abanye bezimenenja unifundele lawomanothi. Manje labobantu, amaphephandaba njenge *Chicago Tribune* abasizo izinhlanya. Lezozehlo sifanele sihlolisiswe ngokoqobo ngaphambi kokuba lokho kufakwe ephepheni elinjalo, le *Waukegan Sun*, noma *iPost Dispatch*, noma yimaphi alawomaphepha. Akusibo ubuhlanya. Akusiyo into esetshenziwe, inkolo eyinsumansumane, noma umcabango ongenasisekelo. AMandla kaNkulunkulu uSomandla. Futhi Ulapha ukuWaqinisa kulobubusuku, futhi uzokwenza. Nangokushesha izethameli zakithi zikuthole ngamqondo munye nanganhliziyonye . . .

46 Uma leli—uma leliqembu labantu elihlezi lapha, mhlawumbe lelo elizokhulekelwa kulobubusuku, ukuba lize emsamo, uma bezoba nhliziyonye futhi babemunye; nje emizuzwini embalwa elandelayo, ngeke kubekhona noyedwa wabo kulezizihlalo ezinamasondo noma izinhlaka zemibhede. Uma bezokholwa ukuthi leli yiQiniso. Futhi lapho befika,

ngamunye ngamunye, kulobubusuku, beze emsamo; uma be, ngamunye, bengasuswa ezihlalweni ezinamasondo nemibhede eyizinhlaka nezinto, futhi basuke bahambe kulomsamo, bephilile, khona-ke ningathi nginephutha.

47 Futhi ngibhekisela emuva kuNkulunkulu, Yena, Akanasiphosiso. Nizophiliswa. Manje Ulapha ukwenza iZwi laKhe libe lihle. Lonke iZwi uNkulunkulu alishoyo liqinisile. Kodwa awufanele uLikholwe uhhafu; ufanele uLazi.

48 Abanye abantu bayafika, bathi, "Ngiyakholwa." Bacabanga ukuthi bayakholwa; kodwa ukuba ubuzothola oyedwa kuyo yonke inkulungwane okholwa ngempela. "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo."

49 Silawulwa, imizimba yethu iyalawulwa, yimizwa emihlanu. Bangaki okwaziyo lokho ukuthi kuqinisile na? Asibone isandla sakho. Imizwa emihlanu; ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa. Lokho kulawula umuntu wemvelo.

50 Manje kukhona omunye umuntu ngaphakathi, ongumuntu wokukholwa, umoya. Unemizwa emibili. Owodwa wayo ngukukholwa, omunye ukungakholwa. Okungukuthi, kwenza inombolo kaNkulunkulu ephelele, isikhombisa, imizwa onayo.

51 Manje, cishe impela iningi lenu phakathi lapha impela beningafunga ngemizwa yenu emihlanu. Manje qaphelani lokhu umzuzwana nje.

52 Ubungama lapha, umzuzwana nje, Dr. Cauble na? Manje ngiyakholwa ukuthi kukhona umuntu omi phambi kwami, ogqoke isudu engathi iyisikoshi esincane, ufake izibuko, nothayi obomvu. Bangaki ocabanga ukuthi ngiqinisile, asibone isandla sakho? Awu, wazi kanjani ukuthi kukhona umuntu omi lapho na? Ngoba uyambona. Ngabe kunjalo na? Manje yileyondlela kuphela, umuzwa kuphela, enginawo manje uzongitshela ukuthi ukhona omi lapho, ngoba ngiyambona. Ukubona kuyasho.

53 Awu, angimboni manje, kodwa ngisakholwa ukuthi ukhona. [UMfowethu Branham ufulathelisa ikhanda lakhe uyasuka kuMfowethu Cauble, kodwa uyamthinta—Umhl.] Manje wena uthi, "Ukubona kungukukholwa." Kuyikho na? Ngiyakholwa ukuthi uDr. Cauble umi lapho manje, futhi angimboni. Ngoba, nginomuzwa womuntu ngamunye, ngaphandle kokubona; ubizwa ngokuthinta, futhi ngiyezwa ukuthi ukhona. Futhi ngiyazi ukuthi nguDr. Cauble. Akusuye uDr. Bosworth. Kusobala, uDr. Cauble ubeneTestamente elincane esandleni sakhe, futhi lisekhona. Ngakho ngi...?...Ngike ngenza leyonkulumombiko ngesinye isikhathi nomunye wanyelelisa omunye phezu kwami. Kodwa ngaqaphela ukuthi uDr. Cauble ubenaleliBhayibheli esandleni sakhe, futhi nguDr. Cauble. Manje indlela kuphela ebengingasho ngayo ukuthi ubemi lapho manje ingomuzwa wokuthinta. Futhi ngiyazi ukuthi kuyiqiniso.

54 Kodwa manje angisamuzwa nhlobo. Lowomuzwa usufile kimi, kodwa ngiyazi ukuthi ukhona ngoba ngiyambona. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na?

55 Kukhona imizwa emibili esobala yomzimba othi ukhona. Omunye wayo, ngiyambona. Olandelayo, ngiyamthinta. Manje nakho kwenzeka . . .

Nje yima khona lapho umzuzu nje, mfowethu.

56 Manje nginomunye umuzwa, nalowo ngowokuzwa. Shaya umnyuziki othize wenye into. [Umshayi wopiyane uqala ukudlala—Umhl.] Bangaki okholwayo ukuthi kukhona umnyuziki odlalayo na? Asibone isandla sakho. Niyawubona na? Bangaki abawubonayo lowomnyuziki na? Niyawuhogela, niwunambithe, niwuthinte na? Awu, nazi kanjani ukuthi umnyuziki na? Unawo . . . Ukuba-ke omunye ubengenawo lona u—umuzwa wokuzwa manje phakathi lapha na? Bebengeke bazi ukuthi lowomnyuziki uyadlala, lowomuzwa ufile kubo. Bebengeke bawuzwe, ngoba abezwa. Kodwa nina eninomuzwa wokuzwa niyazi ukuthi uyadlala ngoba niyawuzwa. Ngeke nawubona, ngeke nawuthinta, ngeke nawuhogela, ngeke nawunambitha, kodwa ningawuzwa.

57 Manje ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ongaziboniyo, uzinambithe, uzithinte, uzihogele, noma uzizwe. Kodwa umuzwa wokukholwa uyiwo ngempela nje njengoba ukubona kwakho kunjalo, kumbe noma yimuphi omunye wemizwa yakho. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na? Niyakukholwa, nivele nje . . . Akekho ongakwenza ukungabaze, ngoba unawo lowomuzwa okutshela ukuthi kunjalo.

58 Ubungathi, "Leloyembe belimhlophe." Ukuba-ke bengizokutshela ukuthi belibomvu na? Awu, ubungeke ukukholwe, ngoba limhlophe. Umuzwa wakho wokubona uthi limhlophe. Amehlo akho asho njalo.

59 Awu, manje uma ukholwa, ulapha ukuba ukhulekelwe, noma ngabe ungubani, uma ukholwa kulobubusuku ukuthi uzophiliswa, ngokugxile nje njengoba ukubona kwakho kuthi leloyembe limhlophe, umsebenzi wenziwa khona manje.

Ngiyabonga, Dr. Cauble.

60 Kunjalo. Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ongaziboniyo, uzinambithe, uzithinte, uzihogele, noma uzizwe. Kungomunye umuzwa. Ukwelinye izinga lendawo. Awukho ngokwemvelo.

61 Ungeke waba nalutho oluvela kuNkulunkulu, kuphela ngokukholwa. Ngokukholwa izindonga zaseJeriko zawa. Ngokukholwa uMose wala ukubizwa ngendodana yendodakazi kaFaro. Ngokukholwa uGidiyoni wenza ukuthi-nokuthi. Ngokukholwa, indlela kuphela!

62 "Futhi ngaphandle kokukholwa akunakwenzeka ukumthokozisa uNkulunkulu." Futhi uma ufuna ukuMthokozisa, ufanele uze kuYe ngokukholwa, ukholwa ukuthi iZwi laKhe liyiQiniso.

63 Kungani ngime futhi ngenze lokhu ukushiwo kwamazwi futhi ngithi akukho lutho oluza kulomsamo ngaphandle kokuba kuxilongwe futhi zishiwo izifo, izimfihlo zezinhliziyo na? Futhi akunandaba ukuthi sikhubaze kabi kanjani, akukho noyedwa, oke waba kweminye imihlangano, kepha uyazi ukuthi ngaso sonke isikhathi ziyaphiliswa. Ngani na? Ngenkathi iNgelosi ihlangana nami. Yathi, "Uma uyothola abantu ukuba babeqotho . . . " Noma, "Uma uyobaqotho futhi uthole abantu ukuba bakukholwe, akukho okuyoma phambi komkhuleko wakho." Ngiyakukholwa. Futhi uma nginganithola ukuba nenze into efanayo; iLouisville, iKentucky iyoba nokuzamazama engathi ayikaze ibe nakho ngaphambili. Leyo yinselelo.

64 Kodwa engizama ukukwenza, kulobubusuku, ngu—ngukuthola nina ukuba nibone ukuthi ngisho ukuthini. Bese-ke uma niza lapha, futhi nikhululwe, nime ngqo kuleloZwi. U—UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwenu. UNkulunkulu angenze lutho kini nize kuqala nivume ukuthi Ukhona. Bese-ke uma nikuvuma, bese-ke nikukholwa, nikwenze futhi nihlale nakho, noNkulunkulu uyonikhipha. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Qiniso.

Lapha esikhathini esingeside esedlule . . . eFort Wayne, eIndiana.

65 Kambe, nginombiko omncane lapha, Dr. Bosworth, ephaketheni lami lebhantshi, bazowuletha kuwe, ngo—ngomhlangano esisanda kuphuma kuwo, kwethi, *Thina Bantu*. Ngikholwa ukuthi kwakuyintombazanyana eyimpumputhe, abayifaka ephepheni. Izobakhona kwethi *Thina Bantu* manje, incwadi eya emhlabeni wonke, yentatheli yephephandaba eyabhala umbiko ogxekayo, yathi, "Intombazane ithe iphilisiwe, futhi ibingaphilisiwe." Nentombazanyana inemibiko yodokotela, njalonjalo kanjalo, futhi yakubhala ephepheni. Base-ke beyihlola, futhi manje ize yaya kwethi *Thina Bantu*. UNkulunkulu uzonyakaza, futhi akukho-muntu onga . . . Ngizodedela uDr. Bosworth anifundele wona, mhlawumbe, enkonzweni yakusasa ntambama. Uthunyelwe ezansi nje yi—yiphepha laseFort Wayne enhla lapho.

66 UNkk. Bosworth, emhlanganweni; babeqhubeka, abanye babo babethi . . . Kwakukhona indoda eyayihlezi lapho inokuqina kwemithambo okuninginingi, yayisikhubazeke iminyaka eyishumi. Futhi yayikade inokukhubazeka okugaqayo, kwangena emfunkulwini wayo. Yayingusomabhizinisi wedolobha. Futhi babengazi . . . Babeyihlalise lapho. Futhi babebone abaningi ezihlalweni ezinamasondo,

nabantu abahluphekile, bekhululwa. Futhi ngalobobusuku, intombazanyana eyinxemu ngemuva kwendlu babekade bebone abantu abaningi bekhululwa, abayizinxemu.

67 Angikaze ngibone noma yimuphi umntwana ophambene amehlo owake weza emsamo akangaphiliswa. Futhi sibone ngaphezu kwezehlo ezingamakhulu amathathu zezinxemu, bephiliswa, esikhathini esingaphansi kwezinyanga eziyisithupha. Saba nerekhode lakho. Izimfakazo eziyizinkulungwane ezingamashumi amane kwabagulayo, kuze kube namuhla, zokuphiliswa, ofakazi, zisayinwe ngodokotela, njalonjalo.

68 Ihora selifikile, bantu. Isikhathi sesifikile. Ngisho lokhu, futhi ungangishaya uphawu lokuthi ngiwuhlanya, uma ufisa. Ngikholwa ukuthi lokhu kukhomba ukuFika kwesibili kukaJesu Kristu. Amen. Ngokuba, kuyoba khona izibonakaliso nezimangaliso. Nento yakho ingukuthi, uma ungekho eMbusweni kaNkulunkulu, fuzula kuWo. Impela bengingaba nokwazi okuthize kwalokho engikhuluma ngakho, kungenjalo uNkulunkulu ubengeke neze awuhloniphe umkhuleko wami ukuba enze lokho Akwenzayo. Nawe ongaphandle koMbuso, funa uKristu njengesiphephelo sakho manje, kuseyisikhathi futhi usenethuba.

69 Angisoze ngawukhohlwa umbiko. Ngesinye isikhathi ngangimi e . . .

70 Kambe, ukuqedela ukunitshela ngalentombazanyana eFort Wayne. UNkk. Bosworth wayitshela, wathi, "S'thandwa . . ." Yayithengisa ibhuku elifundwayo, emuva kwingemuva lendlu.

71 Iyaphuma lapho, ikhala, yathi, "Nkk. Bosworth," lowo ngumkaMfowethu Bosworth, wathi, "Ngibabonile bonke labobantu abayizinxemu bephiliswa," yayiyintombi, cishe ishumi nesishiyagalombili, inxemu ngokwesabekayo. Yathi, "Uma uzo . . ." Yathi, "Uma nje bengingangena lapho futhi ngingene kulowomugqa womkhuleko! Kodwa angikwazi ngisho ukuthola ikhadi."

72 UNkk. Bosworth, isihawu, waphuma waya kumntwana. Wathi, "S'thandwa, uma uzohamba ubuyele ngqo ujikele lapho lapho ongakwazi khona ukumbona, futhi ngempela . . . Unga—ungahlawumpiseli nje manje. Kodwa ukholwe ngenhliziyo yakho yonke ukuthi leso yisiphiwo sikaNkulunkulu, ngizokuqinisekisa ukuthi uzokubiza emizuzwini embalwa."

73 Ngangikhulekela abagulayo emsamo, ngangiyifulathele intombazane. Khona manjalo, ngakuzwa lokho kungena, ukukholwa kunyakaza. Ngaqalaza, angikucoshanga, babebaningi kakhulu nje ababemile beminyene kakhulu. Futhi ngangazi ukuthi kwakuvela lapho, futhi ngazama ukwehlukanisa ukuthi kwakuhlobo luni lomoya. Niyabo, ukukholwa kwayo kwase kwenyuke kwayongena kulolohlobo.

74 Futhi ngenkathi ngiphenduka, ekugcineni ngayithola. O, liphindwe kabili ibanga lalendlu, ngabona lapho eyayikhona. Yayembethe ibhantshi eliluhlaza'tshani. Ngathi, "Ntombi emi emuva lapho, enezinxemu, nebhantshi eliluhlaza'tshani, ungabe usesaba. UNkulunkulu usekuphilisile." Amehlo ayo aba ngajwayelekile ngokuphelele. Leso nje ngesinye sezehlo eziyizinkulungwane ezenzeka ngaleyondlela.

75 Manje nxa, uma singathola umhlangano, uma nina bantu ningabuthana ndawonye futhi nje nilahle lokho enicabanga ukuthi yi *lokhu, lokho*, nje nikulahlele eceleni. Ningezi nje nibukela. Wozani nikholwa futhi nibone ukuthi lezozinto ezifanayo azenzeki yini khona lapha endlini.

76 Okokuqala, ngenkathi ngihlangana noDr. Bosworth, lapha, kwakuseMiami. Sasinomhlangano. UDr. Bosworth, owaziwa amazwe ngamazwe, isipiliyoni seminyaka engamashumi amane ekufundiseni ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Wacabanga ukuthi ngoluny'usuku uNkulunkulu uyothumela i—isiphiwo ebandleni. Kwase kuthi-ke ngenkathi ezwa ukuthi ngangisezansi lapho, wavele wacabanga nje, "Awu, nakho futhi, nje omunye umuntu oshumayela ukuphilisa kukaNkulunkulu." Weza emhlanganweni ngobunye ubusuku. Futhi eza emhlanganweni . . . Sasinalokhu, abakubiza, ngomugqa osheshayo; izinkulungwane zazimi.

77 Leyontambama, abafana ababili abancane eWBAY, isiteshi sokusakaza, babekade benengxoxiswano, bekade bezalwe beyizimpumputhe. Bobabili sebebona, futhi babenabo ezansi lapho esiteshini sokusakaza, bexoxisana.

78 Ngakho uMfowethu Bosworth waphuma weza emhlanganweni. Futhi kwenzeka ukuba kube, ngenkathi umugqa osheshayo uqala, kwakukhona inkulungwane eningana okwakudingeka yedlule ngalobo busuku; lutho kuphela nje babekwa izandla beza, emine ngapha nangapha.

79 Bafuqa intombazanyana yedlula. Angisoze ngamkhohlwa umntwana. Wayeyintwana enhle. Wayengencane, intombazane enezinwele ezimhlophe; izinyo elilodwa liphumele ngaphambili; futhi yayinomncane, umhlobiso omncane omusha ezinweleni zayo, noma nizibiza ngokuthini lezozinto abesifazane abazifakayo ezinweleni zabo. Bayifuqa . . . Yayihamba ngezinsimbi, zehle zayofika okhalweni lwayo—lwayo oluncane lapha. Futhi babeyifuqa yedlula emgqeni, ngase ngibeka izandla phezu kwayo. Yayisuka emsamo, futhi bayifuqe ibuyele emgqeni. Ngani, into encane bandla! Futhi yayilokhu iputshuka. Kwase kuthi omunye wayiletha wayedlulisa, base bebeka izandla phezu kwayo. Futhi kwathi seyedlula futhi, yabheka phezulu, uhlobo lwalokho kuthi sine okuncanyana, niyazi, nalelozinyo eliphumile.

Futhi Into ethize yathi nje, "Mmise umntwana."

80 Ngathi, "S'thandwa . . ." Ngabona ukuthi yayingenakho ukukholwa kokuba iphiliswe ngalesosikhathi.

81 Kodwa, niyabo, singesalokho-ke isiphiwo. Lapha emsamo, niyaqaphela ukuthi Ukwenza kanjani, ngezinye izikhathi, ufanele usebenze. Abantu bathi, "O, ngiyakholwa, Mfowethu Branham." Kodwa nampa, phansi *lapha*; futhi nakhu lapho okufanele ngabe bakhona, phezulu *lapha*. Awu, manje-ke lezozinto zokusho izifo zabo nezimfihlo zenhliziyo yabo, ukukholwa kuyakhuphuka ngize ngithole abantu ukuba bangikholwe.

82 Yilokho Eyakushoyo, "Uma uthola abantu ukuba bakukholwe, bese-ke uba qotho uma ukhuleka, akukho-demoni elingabambelela phezu kwalapho, ke." Lifanele liyazi iNkosi. Manje-ke . . . Futhi ngiyazi ukuthi Yangitshela lokho.

83 Futhi uma ngingathola lesosiguli siye sifinyelele endaweni kuze kuthi ukukholwa kwazo kufike kulokhu, yilokho okunginika ukukholwa okuphelele. Angikaze ngikubone kwehluleka. Futhi akusoze kwehluleka. Ngeke kwehluleka.

84 Kwase kuthi-ke ngenkathi intombazane, bayifuqa bayedlulisa, ngathi, "S'thandwa, mana emva kwami ngqo." Futhi yama emuva lapho, nje ngiyibambile, yabambelela emsileni webhantshi lami. Ngathi, "Khuleka, s'thandwa." Futhi yayibhekisa ikhanda layo phansi, ikhuleka.

85 NoMfowethu Bosworth wayehlalisa, efaka konke lokhu, esalokhu emanqikanqika kancanyana. Futhi wayebhekisisa, ngoba wayephandle lapho, nje ebhekisisa ubude bomhlangano uqhubeka. Futhi yayi . . . Kwakungubusuku bokugcina, ngikholwa ukuthi kwakuyibo.

86 Futhi yayibambe ibhantshi lami, futhi ngaqhubeka nje ngikhuleka. Ngase ngikhohliwe ngomntwana. Ngabuye ngaphenduka futhi, ngathi, "S'thandwa, qhubeka ukhuleka," kanjalo.

87 Futhi emva kwesikhashana, ngiqala ukuzwa lokho kukholwa kuqala ukungena, njengokushaya kwenhliziyo, iphampa, iphampa, iphampa. Kwase kuthi-ke ngenkathi kuqala uku . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kuhamba kanjalo, ngaphendukela kuyo. Ngathi, "Manje, s'thandwa senhliziyo," ngase ngibeka izandla zami phezu kwayo ngase ngicela iNkosi uJesu.

Ngathi kumama, ngathi, "Manje khumula izinsimbi kuyo."

Wathi, "Kodwa, Mfowethu Branham, ngiyakutshela, i . . . "

88 Ngathi, "Ungakungabazi lokho, nenekazi. Yenza otshelwa ukuba ukwenze." Waya lapho wayesekhumula izinsimbi kumntwana.

89 Nansi ibuya yehla futhi iphethe lezozinsimbi ezinkulu, iya kulabobantu kanjalo; iphila ngokwejwayelekile ngokuphelele,

yejwayelekile nje ngakho konke, leyomilenze emincane. Kunjalo, Dr. Bosworth na? [UMfowethu Bosworth uthi, "Amen."—Umhl.] Futhi ngaqhubeka nomhlangano. Imizuzwana embalwa nje, ngaqhubeka . . .

90 O, ibanga eliphindwe kabili, noma ngaphezulu, lalendlu, phansi kwethende elikhulu lesekisi lapho abantu babemi khona, lize layothi ngqu phandle layongena emigwaqeni emikhulu, lapho ePrincess Gardens. Lase libuya, ngaqhubeka . . .

91 Ngezwa into ethize ingena, iqala futhi ukuthi, "whewu, whewu." Ngazi ukuthi kwakungukukholwa. Angikwazanga nje ukusho ukuthi kwakuvela ngaphi. Ngangilokhu ngiphenduka, ngibuka; abantu bedlula ngokukhulu ukushesha, futhi bona bekhala, bezama ukukuthinta nezinto.

92 Emva kwesikhashana, ngakubona, emuva le ngasemuva, umfo efake iyembe elimhlophe. Ngalinda, ngithola ukuthi hlobo luni lomoya olwalumbophile. Indoda yayikhubazekile. Yayiwe ehhashini, eminyakeni embalwa ngaphambi kwalokho. Yayingumhwebi eMiami. Isandla sayo sasikhubazeke sonke, nengalo yayo, *kanjalo*. Yehla njengomgxeki, ukuba igxeke emhlanganweni. Kwase kuthi-ke iqala ukuthola ukukholwa.

93 Ngama ngase ngithi, "Mnumzane, wena emuva le, owesine ohlwini, uya emuva *ngapha*, weyembe elimhlophe enhla, olifakile, sukuma ume ngezinyawo zakho. UJesu Kristu usekuphilisile." Futhi ngenkathi isukuma, nazo izandla zayo ziphakama. Umkayo omncane ozipendile, wawungacabanga ukuthi wayengumgingqiki ongcwele, njengoba umfowethu omncane eshilo kulokhu ukusa ekusakazeni kwakhe, ukumuzwa eklabalasa. Yayilapho, isikhululwe ngokuphelele.

94 UMfowethu Bosworth waluhlola udaba, wayeseza kimi. Wayibuza indoda ngakho konke. Futhi ngenkathi esekuthola kungalendlela, wathi, wangibuza, wathi, "Waze kanjani ukuthi leyo bekuyiyonandoda na?"

95 Ngathi, "Mnumzane, ngiqala ukuphela amandla. Ngazi ukuthi bekuvela ndawondawo."

96 Wayesethi, waya embhobheni, wathi, "Lokho kufakazisa uJesu Kristu enguyena izolo, namuhla, naphakade. Kuyakufakazisa." Wathi, "Manje, isiphiwo esasikuJesu Kristu siyoba njengalo lonke lolulwandlekazi phandle lapha, luzishaya ogwini. Isiphiwo kumfowethu siyoba njengesipunu sigcwele amanzi akhishwe kulo. Kodwa izakhimanzi ezifanayo ziyoba sesipunwini esigcwele amanzi, uhlobo olufanayo lwezakhimanzi esisolwandlekazi." Kunjalo.

97 Futhi ngi—ngizizwa ngiya ngokuphela amandla. Futhi yayilapho indoda isindiswe ngokuphelele.

98 Manje lokho kwenzeka izikhathi ezingamakhulu. Futhi kukhona abantu kulendlu, ngiyakholwa, oke waya kweminye

imihlangano, ukukufakaza. Ngabe nginabo abangane phakathi lapha oke waba kweminye imihlangano, ongafakaza futhi athi lelo yiqiniso na? Phakamisani izandla zenu uma nikhona. Manje ningabona. IBhayibheli lathi, "Ngomlomo wawofakazi ababili noma abangaphezulu."

99 Manje, nxa, ningaba nento efanayo lapha eLousiville. Akukho sidingo sanoma ubani esuka lapha engasindisiwe ngokuphelele. Ngingahle ngingabi naso nje isikhathi sawo wonke umuntu emsamo, kodwa wonke umuntu angazuza ngakho. Uma uNkulunkulu engazifakazela Yena lapha ukuthi unguNkulunkulu, nalokho okuqinise ukuthi engikushilo kuyiqiniso, manje-ke mkholweni uNkulunkulu. Manje-ke sebenzelani phezu kokukholwa kwenu, futhi nibeke ukukholwa kwenu njengokwenza okuphilayo, noNkulunkulu uzohamba ayosebenza phezu kwenu khona lapho, futhi uzoniphilisa.

100 EHot Springs, manje, kwaku. . .Ngikholwa ukuthi kwakuseLittle Rock. Ngobunye ubusuku ama-ambulense ayesegcwele kakhulu, kwaze kwavimbela amathilamu. Baze baletha amaphoyisa ezansi lapho ukubenza basuke ekhoneni, ngezansi nje kwenqaba eHot. . .eRock. . .eLittle Rock, eArkansas.

101 UMfu. Mnu. Brown wayengomunye wabelusi lapho. Uma ufisa ukuthola lobubufakazi, bhalela uMfu. G. H. Brown, 505 Victory Street, Little Rock, Arkansas, futhi lalelani lokhu. Nikhuluma ngamandla amademoni! Futhi nje. . .Lowo cishe kwakungumhlangano wami wesine noma wesihlanu, kude cishe ngeleshumi nanye nqo; isandla sami sasibe ndikindiki kakhulu.

102 Ngezinye izikhathi uma ngiya ekhaya, isandla sami sindikindiki kakhulu, siqonde ngqo, ngize ngidingeke ukuba ngisithele ngamanzi ashisayo cishe uhhafu wehora impela, ukuba sithole ukubuye sizwe futhi, enyameni. Futhi kukhona iwashi; ngibamba izandla zomuntu, nalokho kulapho, kuyomisa lelowashi lithule du. Senginewashi iLongines manje, lisanda kuphuma efektri. Ngalibamba. Ukuthi kungukwenza ngokomzimba, noma kuyinto yokomshini okulenzayo, angazi.

103 Kodwa uMnu. Brown wathi, "Yehlela endlini engaphansi, Mfowethu Branham, yehholo elikhulu." Wathi, "Nginodaba lapha ongakaze ubone noma yini efana nalo." Awu, ngehla ngenkathi ngisaphumule.

104 Ngike ngazibona ezinye izinto ezibonwayo ezesabekayo, kodwa angikaze ngibone noma yiyiphi impela into enjengaleyo. Ngike ngaya ezikhungweni lapho izintombi zisebenzisa amapowa asembhedeni, zigcobe ebusweni babo, izinhlanya. Ngabona izinto ezesabekayo, kodwa lutho neze olufana nalokhu. Owayelele phansi kwakungowesifazane othi akabe neminyaka engamashumi amathathu ubudala, amashumi amathathu-

nanhlanu, owesifazane obukeka eqinile. Nemilenze yakhe—yakhe yayinamathele yenyuka *kanje*, futhi yayopha.

105 Kwakukhona owesilisa omi ezitebhisini, umfowethu olungileyo nje waseArkansas egqoke iovaloli, neyembe elil'hlaza s'bhakabhaka. Futhi, bangani, ngizothi, ngezinye izikhathi okungcono kunakho konke kwezinhliziyo kushaya phansi kwalokho. Kunjalo. Yiqiniso lelo, ngiyakholwa. A—angithandi noma yikuphi okokufakelwa. Ngi—ngithanda owesilisa nabesifazane abayifeshini endala ngempela, kunjalo; abasindiswe nguNkulunkulu, abazelwe kabili. Futhi wayemi lapho, egqoke izingubo zakhe ezibukeka sezishabalele. Ngathi . . . Ngahamba ngehla.

Ngathi, "Sawubona?"

Wathi, "Sawubona kusihlwa. UnguMfowethu Branham na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Ngicabangile ukuthi ubunguye."

106 Into yemibhobho iPA yayikuqobela phansi phakathi lapho futhi. Babenesigejane sezinhlanya ngakolunye uhlangothi.

107 Kodwa babengamgcini-namuntu lona wesifazane. Kuthathe cishe indoda ayisishiyagalombili noma ishumi ukumngenisa. Babengakwazi ukumngenisa kwi ambulense. Babengenakumfaka kwi ambulense. Futhi bathumela omunye enhla lapho ngemoto, futhi wakhahlela wakhipha onke amaglasi emoto, nalawo indoda ezama ukumbamba emotweni. Futhi wayelapho, elele ngomhlane wakhe. Udokotele wayemnike imijovo. Ukushintsha kokuphila kwakhe ngaphambi kwesikhathi kwakumphendulele kulokhu. Futhi wayelapho, elele ngomhlane wakhe.

108 Ngase ngithi, "Awu, ngizophuma ngibone ukuthi ngabe kukhona yini ukungqengqezela engikuzwayo."

109 Wathi, "Mfowethu Branham, ungaphumeli lapho." Wathi, "Uyokubulala."

Ngathi, "O, angicabangi," kanjalo nje.

110 Ngase ngiphuma. Wayelele lapho, engibuka, engathi ucwayizisa amehlo akhe, egqolozele. Ngase ngithi, "Sawubona kusihlwa." Akazange athi vu. Ngabamba isandla sakhe. Ngathi, "Sawubona kusihlwa."

111 Wathi, "Akalazi ngisho negama lakhe uqobo, Mfowethu Branham. Sekuyiminyaka emibili engalazi."

112 Ngase ngibamba isandla sakhe. Futhi nje ngesibusiso sikaNkulunkulu kwenzeka ngagada. Wavele wangihluthula ngezandla zombili, *kanjalo*, futhi wayeyocishe ephule amathambo omzimba wami. Ngasho ngaphosa unyawo lwami ngase ngimbamba ngqo esifubeni. Wavele nje wangidonsela phansi le. Ngahluthula kuye. Kwase kuthi-ke ngenkathi

ngibaleka ngisuka kuye, ukuba ngigibele ezitebhisini, ngabona okubonwayo engingakaze ngikubone ngaphambili. Lowo wesifazane, nezitho zakhe zinamathele phezulu emoyeni, *kanje*, eza engixosha, ngomhlane wakhe, njengenyoka. Wawungamuzwa ehuquzela kanjalo, phansi.

113 Manje, lowo nguDeveli. Ungasho okunye, okufisayo, kodwa lowo wesifazane wayeboshwe nguDeveli. Weza kimi ngomhlane wakhe, njengenyoka, wayesefika phezulu lapho wayeseshaya ohlangothini kwiphansi lendlu *kanjalo*. Wajika, waphakamisa izitho zakhe ezinkulu kwi. . . wakhahlela *kanjalo*. Kwakukhona ibhentshi libekwe lapho. Walishaya ngekhanda lakhe; igazi latsaza eceleni ekhanda lakhe. Futhi—futhi washaya kwahlephuka ucezu lwalo. Wayeselidumela ngesandla, walijukujela kumyeni wakhe wayeseshaya udonga. Nosemende oplastelile wawa odongeni, lapho ayelushaye khona ngamandla asabekayo ngempela. . . Uhlanya; amandla ephindwe kamashumi amabili, mhlampe. Futhi lapho lawo amakhulu. . . Wayengolingene kahle, owesifazane oqinile, empeleni.

114 Wayese-ke eqala ukwenza umsindo oxakile ngempela, ethi, "E-e-e-e-e, eeeeee," kanjalo. Ngambuka, ngase ngicabanga, "Ngani, angikaze ngibone lutho. . . Nkulunkulu sihawukele isidalwa esingumuntu bandla esiboshwe kanjalo!"

115 Yase-ke indoda iqala ukukhala. Yase ihamba iya ngale yase igaxa ngezandla zayo, izingalo zayo ingigaxa, yathi, "Mfowethu Branham, manje uthi akukho kungqengqezela na?" Yathi, "Futhi angazi ukuthi ngizoya kuphi." Yavele yabihlika, ukuba ikhale. Yathi, "Unabantwana abancane abahlanu ekhaya." Yase ithi, "Ngi—ngi. . . Ibingowesifazane olungileyo." Yathi, "Wayehhala lamagabade amadala futhi wangisiza ukuba sitshale ukotini." Yayisithi, "Ngenkathi eqala ukugula," yathi, "Ngenze konke ebengingakwenza. Nga—ngathengisa ipulazi lami." Yayisithi, "Ukuze ngimlethe lapha, Mfowethu Branham, ngisale nento eyodwa, amabhanqa eminyuzi. Futhi ngiyithengisile, ukuba ngithole umfowethu amlethe amamayela angamakhulu amabili, ukumletha ezansi lapha. Futhi manje usekhahlele amagilasi wawakhipha emotweni, yingakho izitho zakhe zopha." Yathi, "Sekuyiminyaka emibili engayeki ukuhamba ngomhlane, futhi akalazi ngisho negama lakhe uqobo."

Ngathi, "Awu, mfowethu, impela, uNkulunkulu angamphilisa."

116 Futhi cishe ngalesosikhathi waphenduka. Wathi, "William Branham, awuhlangene ngalutho nami. Ngimlethe lapha."

Yathi, "Ngani. . . "

117 Ngathi, "Lowo akusuye. Lelo yilelodemoni elikhuluma kuye." Kunjalo. Ayaqonda. Ayazi.

118 Wathi, “Ngani, Mfowethu Branham, lelo yizwi lokuqala alikhuluma eminyakeni emibili.”

119 Ngathi, “Idemoni lisebenzisa izindebe zakhe nje, njengalelo endabeni kalegiyona.”

120 Uza ehuquzela ngaleyondlela eza kimi, wathi, “Awuhlangene ngalutho nami.” Ehuquzela kanjalo.

121 Ngathi, “Mfowethu, uyayikholwa indaba oyizwe ngiyixoxa ngokufika kwaleyoNgelosi na?”

122 Wathi, “Ngenhliziyo yami yonke,” washo, lapho engigaxa.

123 Ngahamba ngaya esitebhisini esiyikhona, ngase ngikhuleka ngenhliziyo yami yonke, eNkosini uJesu. Ngathi, “Nkulunkulu, awubheke lowaya wesifazane bandla; abantwana abancane abahlanu ekhaya, abananina, oyedwa yingane encelayo.” Ngathi, “Yini engenzeka na? O Nkulunkulu, hawukela!” NoMoya weNkosi wafika. Ngase ngicela idemoni ukuba limyeke owesifazane.

Ngase ngijika ngiphenduka, ngathi, “Manje uyakukholwa na?”

124 Yathi, “Ngayo yonke inhliziyo yami. Yini engingayenza ngaye, Mfowethu Branham na?”

125 Ngathi, “Mbuyisele emuva. Mthathe umbuyisele ngqo endlini yokupholela yeziguli.” Ngathi, “Uma ungangabazi neyodwa into engikutshele yona, qaphela ukuthi kwenzekani.”

126 Ezinyangeni ezimbili emva kwaleyonkathi, ngangiseJonesboro, eArkansas, lapho lapho izinto eziningi yayenzeka khona. Abantu abathize abayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili babekade bebuthene edolobheni. Futhi ngangikhuluma, futhi ngabona, becindezela noma bengivayizelisa izandla zabo, othize wesifazane. Wathi, “Awusangiboni, Mfowethu Branham na?”

127 Ngathi, “Qhabo, mem.” Wayehlezi ethe qekelele kanjalo, futhi wonke umuntu . . .

128 Wathi, “Ngi . . . Nonke, nonke ngicela uxolo.” Wathi, “Bengifuna ukukubona nje.”

129 Ngase ngibona omunye ehleka; kwakungumyeni wakhe. Futhi nango wayehlezi lapho, futhi nje ephile ngokwejwayelekile esile, nabantwana bakhe abancane abahlanu, ephile nje saka.

130 Babemthathe bambuyisela emuva. Akazange akhahlele imoto nakanye, ebuyela emuva. Bambuyisela emuva egumbini elinobonda olunemigamelo. Ngokusa kwesibili, bangena ukuba bamuphe ukudla, futhi wayehlezi ngezinqe. Futhi kokwesine, okwesithathu noma ukusa kwesine, bamkhipha njengomuntu osephila, futhi bamthumela ekhaya kubantwana bakhe. “UJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

131 Buka, mngani, amademoni ayawavuma aMandla kaNkulunkulu ngezinye izikhathi ngaphambi kokuba kwenze abefundisi, namaKristu. Benikwazi lokho na? Izikhathi eziningi. Fundani iBhayibheli.

Ngenkathi umpristi ekusho. "O, UnguBelzabule."

132 UDeveli wathi, "SiyaKwazi ukuthi Ungubani, iNdodana kaNkulunkulu, ONgcwele kaIsrayeli." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

133 Niyakhumbula ngenkathi uPawulu noSila, ngenkathi abefundisi bethi babengabakhohlisi na? Lowombhuli omdadlana wathi babengamadoda kaNkulunkulu, ayenendlela yokuPhila.

134 Uma ngingaphosisi, uMfu. Hooper, wasePhoenix, eArizona ohlezi kwingemuva lendlu, ubengawufakazela lowombiko. Kwakungesuwe ngalobo busuku, Mfu. Hooper na? Nanso indoda eyayilapho ngqo ngenkathi kwenzeka. Bhalelani uMfu. G. H. Brown, 505 Victory Street, Little Rock, Arkansas, futhi umcele ubufakazi. Akuthumelele . . . Nidedele indlu yokupholela yeziguli ifakaze ngakho. Lobo ngobunye bezinkulungwane.

135 Obunye nje futhi. Usuku emva kwalolu, iNgelosi yeNkosi yangena endlini . . . Futhi ngizobeke-ke sengiqala umugqa womkhuleko.

136 Nga—ngangisezansi eEl Dorado. Ngizoba lapho emzileni womjaho cishe ubusuku obubili; masinya nje uma ngisuka lapha, ngiya eShreveport, bese-ke ngiya e-El Dorado, bese ngiqhubekela ezansi. Nga—ngangingale ebandleni elincane. Bathi, "Uma ungeza neno ukuba ukhulume kulelibandla . . . "

137 Izinkulungwane zazigcwele idolobha. Nentatheli yayikade iphendukile; kulesisithombe, umgcini we—wehhotela; bobabili ngesikhathi esifanayo. Babefuna ukwazi ukuthi utholakala kanjani uJesu. Babekade bengamalunga amabandla iminyaka; kodwa lapho sebebone umsebenzi kaNkulunkulu, uNkulunkulu ayewenza ngakho, phakathi phakathi kwabantu baKhe. Babengifake e—e—endlwaneni encane. Futhi ngangishumayela.

138 Futhi ngenkathi ngiphuma, kwakukhona indoda amane engizungezile, ngaqala ukuphuma emnyango. Futhi ngima emvuleni phandle lapho, bemboze ngoseyili abathandekayo babo nakho konke, oyibanga lendlu yasedolobheni, abantu belindile; kungekho ndawo abangaya kuyo, qha, bengakwazi ngisho nokungena, kungekho ndawo, kungekho makhaya angasese. Babenamaphephandaba ebekwe phansi, bephethe useyili, uma kufika isihlambi semvula, abantwana abancane abakhubazekile, futhi belindele ithuba labo ukuba bazame ukungena emgqeni womkhuleko. Ngiyakutshela, mfowethu, labo ngabantu abathanda uNkulunkulu. Kunjalo. Angisoze ngakhohlwa. Izinto eziningi kakhulu eziyizimanga ezivelayo, eziyizimfihlakalo yenzekile, emgqeni. Ngaqala ukukhishwa

endlini, abantu bekhala, becindezela, bezama ukufinyelela ngale lapho ayekhona, kanjalo. Babenalomugqa uqhubeka uyela ngasemotweni.

139 Ngangilokhu ngizwa umuntu empompoloza, "Ngihawukele! Ngihawukele! Ngihawukele!"

140 Ngase ngiqalaza, ngangikuzwa ndawondawo, kubukeka sengathi kukhona into nje egxuma enhliziyweni yami. Ngabuka. Kumi kude ngale kolunye uhlangothi. . . EArkansas bano—nomthetho, amakhaladi nabamhlophe abakwazi ukuba ndawonye. Owayemi eqhelile kolunye uhlangothi kwakuyindoda eyikhaladi, ikepisi elincane nje ilibambile lisezandleni zayo, imi lapho emvuleni, nemvula iyishaya ebusweni. Umkayo empompoloza, "Ngihawukele! Ngihawukele! Ngihawukele!"

141 Ngacabanga ngempumputhe endala uBartimewu. Ngase ngiqala ukuhamba ngiqhubeke, futhi kubukeka sengathi Into ethize ingitshela nje ukuba ngingakwenzi lokho. Amakhulu abo, becindezela. Ngathi, "Ngifuna ukuwelela lapho okukhona leyondoda yekhaladi."

142 Bathi, "Mfowethu Branham, ungeke wakwenza lokho." Ababili babo kwakungamaphoyisa. Bathi, "Uzoqala umjaho wenxushunxushu khona manje." Bathi, "Ungeke wakwenza lokho."

Ngathi, "Kodwa iNkosi ingitshela ukuba ngiwelele lapho ikhona."

143 Futhi ngavele ngabhobokela kwelinye icala ngase ngiwelela lapho. Benza isikokeyana esincane. Futhi ngamuzwa ethi, ngenkathi ngenyuka; unkosikazi omdala, wathi, "Nangu eza umfundisi, s'thandwa." He, he! Ngasondela kakhudlwana kwalapho yayikhona.

Yathi, "Nguwe lona, uMfundisi Branham na?"

Ngase ngithi, "Yebo, mnumzane."

144 Iqala ukungiphatha ebusweni, ngesandla sayo. Yayisithi, "Mfundisi, unawo nje umzuzu wokuzwa indaba yami na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

145 Yathi, "Mfundisi," yathi, "umama wami omdala wayengowesifazane okholwayo olungileyo." Yathi, "Akazange angitshele amanga empilweni yakhe yonke." Yathi, "Sekuyiminyaka cishe eyishumi manje afa." Yathi, "Angikaze ngizwe ngawe kuyo yonke impilo yami, ngisho." Yathi, "Ngakhe cishe amamayela ayikhulu ukusuka lapha." Yayisithi, "Izolo ebusuku. . . " Yathi, "Sekube yiminyaka manje ngiyimpumputhe." Yathi, "Izolo ebusuku, ngivukile, futhi omi eceleni kombhede wami bekumi umama wami omdala. Wayesethi, 'S'thandwa, mntwana, yehla uye e-El Dorado, eArkansas, futhi ucele umuntu mumbe ogama linguBranham.' Yathi, 'INkosi inikeze isiphiwo sokuphilisa

ngokukaNkulunkulu. Uzothola ukubona kwakho.'" O, he, kuthi inhliziyo yami ayibe nkulu *kangako*. Ngabona ukuthi uNkulunkulu wayekhuluma.

146 Uma umuntu engayikukukholwa, uNkulunkulu uyokumemezela ngenye indlela kwabaqotho enhliziyweni. Uyokwenza.

147 Ngabeka izandla zami phezu kwayo, ngase ngithi, "Mfowethu, iNkosi uJesu ethumele lombono kuwe imi lapha manje ukuba ikusindise." Ngasusa izandla zami kuyo.

148 Ngayibamba isandla sayo; isilazi sasifile. Izinyembezi futhi ziconsa esihlathini sayo. Yathi, "NgiyaKubonga, Nkosi. NgiyaKubonga, Nkosi."

Wathi, umkayo wathi, "S'thandwa, uyabona na?"

Yathi, "Yebo, ngiyabona."

Wathi, "O, u—ubona ngempela, s'thandwa na?"

149 Yathi, "Yebo." Yathi, "Leyo yimoto ebomvu ehlezi laphaya." O, he! Waqala ukukhala kakhulu kanjalo.

Base-ke bengidumela, baqonda emotweni.

150 Kamuva, ngehla endizeni ezansi eduze kwaseMemphis, eTennessee, ngobunye ubusuku. Ngaqala ukungena, ngezwa umuntu empompoloza, "Halo, Mfundisi Branham!" Ngawelela lapho. Futhi kwakungubani na? Nango wayelapho, ephile ngokwejwayelekile, ekwazi ukufunda iBhayibheli lakhe kumbe noma yini.

151 Ngicabanga, "Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka, obungasindisa olusizi . . ."

152 Usenguye kulobubusuku njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Ulapha, bangani. Into kuphela enginicela ukuba niyenze ngukuba nikholwe ukuthi nginitshele iQiniso. Futhi bhekisisani aMandla kaNkulunkulu uSomandla enza njengoba ngishilo. Uma Engenzi, khona-ke nithi uMfowethu Branham ungumprofethi wamanga. Uma Ekwenza, khona-ke nimkholwe uNkulunkulu ngobufakazi baKhe.

Sizokhothamisa ikhanda lethu.

153 Baba wethu waseZulwini, o, ngiyacabanga, ngolunye usuku uma sesiza sehlela ekupheleni kohambo, bese ngikhuphukela endlini yaKho, ngikhulekela ukuthi Uyongivumela ngingene, futhi ngingaba nesihlalo ndawondawo laphaya nabo bonke lababantu abathandekayo engihlangane nabo. Singaxoxa ngezinto, izinkumbulo esinazo zalezizinto ezinkulu Osenzele zona. Nokuthi zimangalisa kanjani, ngasohambweni lomhambi lapha, ukubona Wena nokwazi ukuthi Useduzane, futhi Ulapha kulobubusuku ukuba usindise lababantu abagulayo nabahluphekile.

154 Nkosi, kulesisikhathi, asimazi ukuthi ubani Omkhethile ukuba eze kulomugqa. Wena uyazi. Omunye ulapha. Kukhona abantu abangamashumi amahlanu onamakhadi. Nkosi, Wena uzohlinzeka. Uyazi ukuthi ubani olapha ukuba eze. Futhi sikunikela ezandleni zaKho, Nkosi.

155 Manje busisa wonke umuntu. Futhi kwangathi labo, Nkosi, abangezukwazi ukuba semgqeni womkhuleko, uma bebona abanye ohluphekile nohlushiwe, njengoba benjalo, sibabone besindiswa, O Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi ukukholwa kwabo kuzokhuphuka futhi bakholwe. Futhi, O Baba, yipha ukuthi kuzobakhona imvuselelo eyifeshini endala eqala nje kulo lonke idolobha, Nkosi, ukuthi onke amabandla azoba nezimvuselelo nemiphefumulo elahlekile izongena, ikholwa phezu kweNdodana yaKho ethandekayo. Siphe khona, Nkulunkulu Othandekayo.

156 Manje, Baba, Wena uyabazi u—ubuthakathaka bomuntu. Futhi siyawazi aMandla kaNkulunkulu. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzothumela iNgelosi yaKho, Leyo Eyangehlukanisa esizalweni sikamama, engingenisa kulokhu ukuphila, futhi wangimisela lenhloso, izoma lapha kulobubusuku. Nkulunkulu othandekayo, phezu kokwenza lombiko omkhulu ngesibindi, phambi kwezinkulungwane, nekhulu lezinkulungwane zabantu, Wena awukaze wehluleke namanje. Futhi ngiyazi ukuthi Awuzukwehluleka ngathi kulobubusuku, kodwa Uzopha kulobubusuku ukuthi sonke isono esiyimfihlo senhliziyo sizoshiwo kubantu; izifo zabo bazotshelwa zona, amademoni elibabophayo. Futhi wonke umuntu uzosindiswa (abazukusindiswa, Baba na?) ngoba sithemba Wena futhi sithanda Wena futhi sikholwa Wena, futhi sikucela eGameni laKho nangenxa yenkazimulo yaKho. Yizwa umkhuleko wenceku yaKho manje, Baba, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

157 Kulungile, imenja yomugqa womkhuleko manje. [Umfowethu uza embhobhweni futhi uthi, “Ngifuna labo abanamakhadi omkhuleko asukela kuB wamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, kuya kuB wekhulu, yima emgqeni ngokwenombolo yakho ngakwesokudla sami, nesokunxele sakho, ezitebhisini ezisemsamo. Kusukela kuB wamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, kuya kuB wekhulu. Bonke abanye balokhu behlezi.”—Umhl.]

158 Ngingahle ngithi, esalayinisa imigqa, wonke umuntu phakathi lapha uyayazi i. . . Sizama ukusho lokhu, ukuthi nifanele nihloniphe ngokuzithoba. Ngeke sibe necala. . . Ngifanele ngikusho lokhu ngomthetho, njalo ebusuku. Anginacala lanoma yibaphi abagxeki emhlanganweni. Lezizinto zisuka komunye ziye komunye, ikakhulukazi onesithuthwane, nokunye kanjalo. Ngibabonile abantu emhlanganweni, bephila saka; ngibona onenkwantshu ehlezi lapha, nalona

onenkwantshu aphume esephile ngokwejwayelekile nomgxeki aphume esekhubazekile. Ngibabonile bengena bebaningi ngangabangamashumi amabili-nesishiyagalombili ngesikhathi esisodwa, bangenwe yisithuthwane, phansi. Lamandla amademoni ayoyithola indawo angaya kuyo.

159 Futhi, bangani, lelo yiBhayibheli. Bangaki owaziyo ukuthi leyo yimfundiso yeBhayibheli, asibone isandla sakho. Leli nje yibandla leTestamente eLisha lisemnyakazweni. Akusilo, bangani na? AMandla kaNkulunkulu uSomandla ukuba asindise.

160 Futhi besalayinisa abantu, ngicabanga ukuthi labo abasesihlalweni esinamasondo, bafisa ukuba nihlale nithule, bazofika banithole uma sebe . . . Uma inombolo yekhadi lakho isilungile, bazo—bazonibiza.

161 Manje ngifuna wonke umuntu akukhumbule lokhu. Ne—nemukeleke njalo emihlanganweni, wonke umuntu. Kodwa uma nginicela ukuba nikhothamise amakhanda enu, nifanele niwakhothamise amakhanda enu. Bese kuthi-ke uma ngi . . . ungaliphakamisi ikhanda lakho uze ungizwe ngisho kulombhobho, noma uMfowethu Bosworth omi lapha, ukuba uphakamise ikhanda lakho. Uma ukwenza ngaphambi kwalokho, angizukuba nacala ngalokho okwenzekayo.

162 UMnu. Hooper, ohlezi esondele, wayese . . . ngithanda ukubona umuntu ngaleyondlela, uke waba khona kweminye imihlangano. WayesePhoenix, eArizona, enathi, lapho omunye wezikhulu zedolobha, ehlezi emhlanganweni.

163 Wathi, "Awu, lolo wudaba oluhle lwenjulamqondo," wathi, "Ngizovele nje . . . Akukho lutho kukho."

164 Ngangilokhu ngiyizwa indoda. Yayihlezi emuva ngakwesokudla sami. Ngathi, "Omunye ngakwesokudla sami, bephakamise ikhanda labo." Yayingaligobisi ikhanda layo.

Omunye wabangenisi wayitshela, wathi, "Ligobise ikhanda lakho."

Yayiyisikhulu sedolobha, ngakho yathi, "Angidingi ukuba ngikwenze."

Ngakho, "Kulungile."

Ngakho wangiphendula.

165 Nganginomntwana omncane lapho, futhi wayenohlobo lwephekisi lusongwe ngendwangu, ezama . . . Wayenesithuthwane; enaso emsamo ngqo ngaleyonkathi. Ngezinye izikhathi uma onesithuthwane eza, nje sibenza babe nokuklikliza.

Ngase ngithi, "Kulungile, mnumzane, ngikucelile. Yilokho kuphela engingakwenza."

166 Ngakhuleka. Ngathi, "Nkulunkulu, ungavumeli lomntwana ongenacala ezwe ubuhlungu balowomntwana . . . baleyondoda, ukungalaleli kwayo." Kwasuka kumntwana. Indoda yamamatheka nje futhi yaqhubeka.

167 Cishe emva kwezinsuku ezimbili kamuva, ifika . . . iqala ukuba nokuzwa okuxakile, yathi, "O, yimi nje ngicabanga lokho, yilokho kuphela." Yathi, "Nje ngu—nje ngukuzicabangela kwami, kungithola impela nje." Izama ukuzithuntutha kukho.

168 Usuku noma kanjalo kamuva, izikhulu zayiqukula zayisa ezansi nedolobha, ihamba izungeza izungeza. Cishe emavikini ayisithupha kamuva, iza neno . . .

169 Nganginenkonzo kwaCharles Fuller . . . nginoCharles Fuller, ngale eLong Beach. Uma noma yimuphi wenu wayelapho, niyazi ukuthi bangaki owayephakathi lapho. Kwakukhona ngempela izinkulungwane phakathi lapho, zimi enhla-nasezansi nebhishi, ngakho zi . . . Ayikwazanga ukungena lapho.

Kwenyukelwa eLos Angeles, ayikwazanga ukungena lapho.

170 Futhi, ekugcineni, uModesto. Umkayo, ngobusuku elalina ngabo, wawa wanquma endleleni yezinyawo. Intshebe yase ikhulile ebusweni bayo, iyimbi kabi, ibukeka yesabeka. Futhi yayilapho. Wathi, "Mfowethu Branham, kukhona okufanele kwenziwe." Wathi, "A—a—aka, akadli ngisho. Asikwazi ukumphoqa ngamanzi ehle kuye." O, ibukeka yesabeka. Ihlezi lapho, amehlo ayo egqolozele nje.

171 Ngangena. Yaqala ukuthi, "hummmm," ihlehla kimi, *kanjalo*.

172 Ngabatshela ukuba bakhiye umnyango. Futhi sasikhathele, kade sisenkundleni yekilabhu ngoMgqibelo ebusuku lapho, amahora, sibhekene nabagulayo. NganginoMfowethu Brown noMfowethu Moore ukuba bakhiye umnyango, ukuba bavimbele abantu. Umkayo wayenodaka ngenxa yokuwa anqume endleleni yezinyawo, wayesebambelela emilenzeni yebhulukwe lami. Ngangingakwazi ngisho ukunyakaza. Abakwazanga ukungihudula, yena ebambile, ukuba ngiye endodeni yakhe.

173 Cishe amahora angamashumi amane-nanhlanu kamuva, kwayiyeka. Yangigaxa yase ingigona. Yabeka isigqoko sayo ekhanda layo kanjalo, yangixhawula, yaya ekhaya ukuba ibe yindoda ephilile.

174 Ngiyanitshela, bangani, ukuba bengingumgxeki, bengingeke ngize ngihlale ngisho nangalapho kwenzeka khona. Ngilapha ukuba nginisize futhi hhayi ukuba nginivimbele. Awu, manje, kukhumbuleni nje lokho. Uma uzogcina ikhanda lakho likhotheme, uma kukhona obekungenzeka, nginecalake lalokho. Manje, ubungeke uxoxe inganekwane ngakho, ngoba ngizokwazi uma uza lapha. Kodwa manje hlonipha ngokuzithoba nje, yiba semkhulekweni. Uma ngikucela

ukhothamise ikhanda lakho, gcina ikhanda lakho likhotheme. Nikwenzile izolo ebusuku, ngokuthandeka kahle kakhulu. Futhi yenzani into efanayo kulobubusuku, yonke into izoba kahle. Ngabe ni . . .

Lungisani imigqa yenu.

Sizokhothamisa amakhanda ethu manje umzuzwana.

175 Baba, ngiyaqonda ukuthi—ukuthi lesi yisikhathi esikhulu. Yisikhathi lapho simi sibhekene ubuso nobusa nesitha. Futhi kukhona abakhubazekile, abahluphekile, nabantu abafayo. Nampa abantu abemi lapha emgqeni, mhlawumbe abanomdlavuza noma mhlawumbe abahlushwa yinhliziyo. Angazi ukuthi yini engalungile kubo manje. Kodwa Wena uzoyitshela inceku yaKho. Futhi ngiyakhuleka, Wena, ukuthi Uzobasindisa bonke baphile ngokupheleleyo. Futhi kwangathi uSathane angabizwa aphume njalo ngesikhathi ngasinye, futhi kwangathi kungadalulwa phambi kwezethameli. Kwangathi wonke umuntu angathandeka, Nkosi, ebambisana, wonke umKristu. Kwangathi singaba nomhlangano omkhulu kulobubusuku. Kwangathi aMandla kaMoya oNgcwele angavele nje ashanele indlu yonke, aphilise wonke umuntu osendlini, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Asicule, kanye nje, uma nithanda.

Kholwa kuphela . . .

Wonke umuntu ngokukhulu nje ukuhlonipha kokuzithoba eningakwenza.

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

Angazi noma singalicula yini kanje manje.

Manje ngiyakholwa . . .

176 Bangaki abakukholwayo na? Phakamisa isandla sakho usalicula.

. . . manje ngiyakholwa, (ayibongwe iNkosi!)

177 [Akuqoshwanga eteyipini. Umugqa womkhuleko usuqalile—Umhl.] . . . unomdlavuza noma inkathazo yabesifazane. Futhi umzuzwana nje; bobabili bacishe bashaywa ngokufanayo impela. [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane.] Inkathazo yabesifazane, yilokho. Kunjalo na? Yebo. Impela. Sekuthi akufike ekubeni ngumdlavuza impela, nokho, kuyilokho-ke. Impilo ibingesiwo umbhede ohlotshiswe ngezimbali kuwe, ibiyiwo na? Qhabo. Ubunenqwaba yezinkathazo. [Ukuphela kokuqopha. Umugqa womkhuleko waqhubeka.]

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org